## AMALUNGISELELO ENGQUNGQUTHELA KWISIFUNDABHISHOBHI SASETHEKWINI

## ISONTO LESITHATHU LOMKHULEKO "UKUHLANGANYELA NGOKUBAMBISANA"

**UMKHULEKO WESINODI: Adsumus Sancte Spiritus**
Yonke imibuthano ya-Vatican wesibili yayiqala ngomkhuleko othi "Simi Phambi Kwakho Moya Ocwebileyo". Usetshenzisiwe nakweminye imikhosi nezingqungquthela ezibalulekile zeBandla.
Njengoba silungisela le-Sinodi, lomkhuleko umema uMoya Ocwebileyo ukuba usebenze kithina ukuze sibe iBandla labantu abanothando. Masizibophezele ukukhuleka lomkhuleko zonke izinsuku.

**UMKHULEKO**
Simi phambi kwakho Moya Ocwebileyo
Njengoba sihlangene eGameni lakho.
Sinawe uqobo ukuba usiqaphe
Zizwe usekhaya ezinhliziyweni zethu.
Sifundise indlela okumele siyihambe
Nokuthi sizoyihamba kanjani,
Sintekenteke futhi sigcwele ukona;
Sisize singakhuthazi okungalingile
Sisize ukuthi ukunganaki kwethu kungasiholeli endleleni engalungile
Ukungazi kwethu akungasiholeli kokungalungile.
Asithole kuwe ubunye bethu
Ukuze sihambe Kanye nawe sibheke ekuphileni kwaphakade
Singaphambuki endleleni yeqiniso nakulokho okulungile.
Konke lokhu sikucela kuwe
Wena ohlala usebenza kuzozonke izindawo nezikhathi.
Ekuhlanganeleni noYise neNdodana, izikhathi ngezikhathi.
Amen.

IZIFUNDO NEMIDLINZO YAPHAKATHI NEZINSUKU
- Isonto, 31 Okthoba: Matewu 28:18-20
- Msombuluko, 1 Novemba: Abase-Efesu 4:11-16
- Lwesibili, 2 Novemba: 1 Petro 4:10
- Lwesithathu, 3 Novemba: 1 Petro 2:5, 9
- Lwesine, 4 Novemba: 1 Khorinte 12:4
- Lwesihlanu, 5 Novemba: Izenzo 1:8
- Ngomgqibelo, 6 Novemba: Izenzo 2:42

## UMZINDLO WESONTO ELIQONDENE NOKUHLANGANYELA NGOKUBAMBISANA

INkosi uJesu Kristo "uNkulunkulu uBaba amgcoba wamthumela emhlabeni (Johane 10:36) wenza iBandla elingumzimba wakhe libe nesabelo kugcobo loMoya Ocwebileyo naye agcotshwa ngawo: kulomzimba wakhe bonke ababhabhadisiweyo baba nesabelo kulobuprieste bakhe obungcwele futhi bobukhosi, nabo banikela imihlabiso yokomoya kuNkunkulunkulu ngaye uKristo uJesu, ngezimpilo zabo bnaphinde bamemezele ukulunga kwakhe yena obabilizile wabakhipha ebumnyameni wabafaka ekukhanyeni kwakhe okumangalisayo (1 Petro 2:5, 9).

ngeSakramente lombhabhadiso bonke ababhabhadiselwe kuKristo baba nesabelo empilweni nasemsebenzini kaKristo onguMprieste, iNkosi, noMprofethe. Lokho kunika igunya bonke ababhabhadisiwe ilungelo lokuhlanganyela ngokuzinikela empilweni nasemsebenzini kaKristo eBandleni baphinde bashumayele iVangeli ngezimpilo zabo emphakathini. Lokhu kukabili: bonke benza umsebenzi wokuhlanganyela ngokubambisana ngobuprieste ababuthola embhabhadisweni kodwa futhi njengabaPrieste abagcotshelwe kulesisigaba sokwalusa. Kufanele bonke bahlanganyele babambisane emsebenzini wokushumayela ivangeli likaKristo.

Lokhu bakwenza ngemisebenzi eminingi eBandleni, nasemphakathini ngokuphila impilo efakaza ngoKristo nangothando lwakhe. Ngabe ngizinikele yini emsebenzini weBandla? Ngibuphila kanjani ubuprieste engabuthola embhabhadisweni noma mhla ngigcotshelwa ubuPrieste. Sibambisene yini? Siyamukelana yini? Singamatshe aphilayo yini ukwakha indlu neThempeli likaNkulunku?

## UMKHULEKO WAPHAKATHI NEZINSUKU

Nkosi Jesu Kristo,
Siyakubonga ngokusibiza ukuba sikulandele sikuphilele.
Siyakubonga ngokusivumela ukuba sihlanganyele ebupristeni bakho obuyingcwele.
Sisize, siyakucela, sihlanganyele ngokuphelele nangokuzinikela empilweni nasemsebenzini weBandla nowabakholwayo
Ukuze noma ngasikhathi sini fithi noma kuphi lapho sikhona sibe ngofakazi bempilo engcwele kaNkulunkulu ukuze sizuze abaningi basondele kuwe Nkosi yethu ngothando.
Sengathi singafeza izethembiso zethu kuwe naseBandleni lakho ngokuhlanganyela sonke ndawonye emsebenzini oletha usindiso lwakho kubantu.
Amen.